basic education

Department:
Basic Education
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

NATIONAL SENIOR CERTIFICATE

IBANGA LE-12

ISIZULU ULIMI LOKUQALA LOKWENGEZA (FAL)

IPHEPHA LESITHATHU (P3)

FEBRUWARI/MASHI 2011

AMAMAKI: 100

ISIKHATHI: amahora ama-2½

Leli phepha linamakhasi ayisi-8.

IMIYALELO KWABAHLOLWAYO

1. Leli phepha lehlukaniswe IZIQEPHU EZINTATHU:

   ISIQEPHU A: Indaba (50)
   ISIQEPHU B: Imibhalo emide edlulisa imiyalezo (30)
   ISIQEPHU C: Imibhalo emifishane edlulisa imiyalezo (20)

2. Abahlolwayo kulindeleke ukuba baphendule umbuzo OWODWA ESIQESHINI A, OWODWA ESIQESHINI B kanye noWODWA ESIQESHINI C.

3. Bhala usebenzise ulimi ohlolwa ngalo.

4. Abahlolwayo mabaqale umbuzo NGAMUNYE ekhasini ELISHA.

5. Bhala uhlaka ekhasini lephepha lakho lokuphendula imibuzo, lube sekhasini lwalo lodwa. (Indaba kuphela edinga uhlaka.)

6. Uyayalwa ukuba usebenzise isikhathi sokubhala ngale ndlela elandelayo:

   ISIQEPHU A: amaminithi angama-80
   ISIQEPHU B: amaminithi angama-40
   ISIQEPHU C: amaminithi angama-30

7. Ungazishintshi izinombolo zemibuzo. Zibhale njengoba zinjalo ephepheni lemibuzo.

8. Abahlolwayo mabaqaphelisise isipelingi kanye nokwakheka kwemisho.

9. Bhala ngobunono nangesandla esifundekayo.

   ISIQEPHU A: (Izindaba)
   - Ubude bendaba

   Bhala amagama ayi-190 kuya kwangama-240.

   ISIQEPHU B: (Umbhalo owedlulisa imiyalezo)
   - Ubude bombhalo

   Bhala amagama angama-80 kuya kwayi-100.
   QAPHELA: Abahlolwayo bayayalwa ukuba babhale uhlobo lwalowo mbhalo abawuphendulayo.
   ISIQEPHU C: (Imibhalo emifishane enemiyalezo)
   - Ubude bombhalo

   Bhala amagama angama-60 kuya kwangama-80.
   QAPHELA: Abahlolwayo bayayalwa ukuba babhale uhlobo lwalowo mbhalo abawuphendulayo.

ISIQEPHU A: INDABA

UMBUZO 1

Khetha isihloko ESISODWA kwezilandelayo ubhale ngaso indaba ibe ngamagama ayi-190 kuya kwangama-240.

QAPHELA: Bhala uhlaka lwendaba yakho lube sekhasini lwalo lodwa.

1.1 Yini ongayenza uma ungaba nguMongameli waseNingizimu Afrika? Bhala indaba uyinike isihloko esifanele. **[50]**

NOMA

1.2 Ngabe uyavumelana noma uyaphikisana nalesi sihloko esilandelayo. Bhala indaba uveze owakho umbono ngaloku.

Intsha iyathanda ukuhlala emafulethini/Emqashweni uma iqala ukusebenza. **[50]**

NOMA

1.3 Bhala indaba ezoveza ubuhle nobubi ngalesi sihloko esilandelayo.

INingizimu Afrika iyizwe elinezilimi nezinhlanga ezahlukahlukene. **[50]**

NOMA

1.4 Bhala indaba ngalesi sihloko esilandelayo uveze ukuthi kunamuphi umphumela omuhle ukulalela abazali bakho.

Kuhle Ukulalela Abazali. **[50]**

NOMA

1.5 Udadewenu noma umfowenu uthole ingane esafunda. Wena ububonile ubunzima abhekane nabo empilweni. Lokhu kwenze wabheka impilo kabusha. Bhala indaba bese uyinika isihloko esifanele. **[50]**

NOMA

1.6 Bukisisa lesi sithombe esilandelayo bese ubhala ngaso indaba. Inike isihloko indaba yakho.

[50]

NOMA

1.7 Bukisisa lesi sithombe esilandelayo bese ubhala ngaso indaba. Inike isihloko indaba yakho.

[50]

NOMA

1.8 Bukisisa izithombe ezingezansi bese ubhala indaba oziqambele yona. Ungakhohlwa ukucabanga nezinye izinhlobo zemisebenzi uma ubhala. Yinike isihloko indaba yakho.

Umshayeli wetekisi

unobhala



Osebenza ngogesi



isisebenzi sasendlini **[50]**

AMAMAKI ESIQEPHU A: 50

ISIQEPHU B: IMIBHALO EMIDE EDLULISA IMIYALEZO

UMBUZO 2

Khetha isihloko ESISODWA ubhale ngaso kube ngamagama angama-80 kuya kwayi-100.

2.1 UMnyango wezeMfundo uhlela ukwenza umcimbi wokuklomelisa (award) umfundi ophumelele kahle ezifundweni zakhe zangonyaka odlule. Lo mfundi uzonikwa umfundaze (bursary) wokuqhuba izifundo zakhe eNgilandi. Wena njengonobhala eMnyangweni, bhala **incwadi** umeme lo mfundi. **[30]**

NOMA

2.2 Bhalela iphephandaba **i-athikhili (article)** ngalesi sihloko: "Ukubaluleka kokuzivocavoca/kokujima kanye nokudla ngendlela efanele."

Akuvele lezi zihlokwana ezilandelayo:

- Isihloko se-athikhili (article) nombhali wayo.
- Izigaba ezahlukene ezinezihlokwana.

Qala ngokubalulekile. **[30]**

NOMA

2.3 Umphakathi wangakini ukhala ngezethembiso ezingafezwanga uMasipala wendawo. Bhala **imemorandamu** ezoya/ezohanjiswa kuMasipala ephathelene nalezi zikhalo. **[30]**

NOMA

2.4 Esikoleni sakho kutholakale izingane zidayisa izidakamizwa (drugs). Uthishanhloko wabiza amaphoyisa, afika azibopha. Wena ufike ekhaya waxoxela umama wakho ngale ndaba. Bhala **ingxoxo** ebe phakathi kwakho nomama wakho. **[30]**

AMAMAKI ESIQEPHU B: 30

ISIQEPHU C: IMIBHALO EMFISHANE EDLULISA IMIYALEZO

UMBUZO 3

Khetha isihloko ESISODWA ubhale ngaso kube ngamagama angama-60 kuya kwangama-80.

3.1 Bhala **idayari** uveze ukuthi impilo yakho isishintshe kanjani ezinsukwini ezinhlanu ezedlule emva kokuhamba kukadadewenu omdala ekhaya. **[20]**

NOMA

3.2 Wena nabangani bakho nifuna ukuvakashela esiqiwini sezilwane esisePitoli. Bhalela ubaba wakho **iphosikhadi** ucele imali yokuhamba. **[20]**

NOMA

3.3 Ephephandabeni ufunde ngesikhangiso somsebenzi esiphuma eMnyangweni wezoBulungiswa. Ukhulume nabaphethe kulo Mnyango bakuthumelela ifomu elizohambisana nesicelo sawo lo msebenzi. Gcwalisa **ifomu** eliku ANNEXURE A ekhasini elilandelayo ulifake ebhukwini lezimpendulo. **[20]**

QAPHELA: Ungakhohlwa ukufaka izinombolo zakho zokuhlolwa kanye nezinombolo zesenta yakho efomini.

AMAMAKI ESIQEPHU C: 20
AMAMAKI ESEWONKE: 100

CENTRE NUMBER: | | | | | | | | |

EXAMINATION NUMBER: | | | | | | | | | | | | | |

ANNEXURE A

UMNYANGO WEZOBULUNGISWA

Isibongo: _____

Amagama akho: _____

Usuku lokuzalwa: _____

Izinombolo zikamazisi: _____

Ikheli lasekhaya: _____

_____

Ikheli leposi: _____

_____

Inombolo yocingo lwasekhaya: _____

Inombolo kamakhalekhukhwini: _____

Igama lesikole ofunde kuso: _____

Ibanga owaliphasa: _____

Sikhona isihlobo sakho esisebenza lapha? _____

Igama lesihlobo uma sikhona: _____

Igama lomzali/lombheki wakho: _____

Usebenzaphi umzali/umbheki wakho: _____

Usebenza msebenzi muni umzali/umbheki: _____

Inombolo yocingo yomzali/yombheki: _____

Inombolo kamazisi yomzali/yombheki: _____

Ukusayina komzali/kombheki wakho: _____

Ukusayina: _____ Usuku: _____